

# Hillcrest High School



**IsiZulu 1<sup>st</sup> Additional Language**

**Ukuhlolwa kukaJuni 2019**

**Ibanga lesishiyagalunye (Grade 9)**

**Iphepha lokuqala (PAPER I)**

**(NON-MOTHER TONGUE)**

**Isikhathi: 2 amahora**

**Umklomelo: 80**

**IVIKE MFUNDI !!!**

**Leli phepha linamakhasi ayi-7**

1. Funda lesi siqephu esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho EPHELELE.


### **Abantu Abaphila Nokukhubazeka**

Akekho umuntu onelungelo (right) lokucwasa (discriminate) abantu abaphila nokukhubazeka (disable). Akekho umuntu othandayo nowazikhethela ukukhubazeka. Abantu bakhubazeke ngezindlela ezahlukahlukene. Kukhona abayizishosha (paralyzed) izimpumputhe (blind), izithulu (mute), njalonjalo. Kodwa wonke lawa magama aqanjwa laba bantu ayalumela (hurtful) kubo ngoba kabazikhethelanga (chose) izimo abaphila ngaphansi kwazo.

Kuyathokozisa ukuthi abantu abaphila nokukhubazeka bayakwazi ukwenza kahle bedlule labo abagakhubazekile. Ake sikhumbule imidlalo yama-Olimpiki, iNingizimu Afrika iyona efike ibuthe izindondo (medals) zemidlalo enhlobonhlobo. Abangenamilelenze ayafakelwa, bese bencintisana kowejubane.

Uvele ubambe ongezansi uma sebegijima beshiya isithunzi. Cabanga nje u-Oscar Pretorius. Wayegijima abehlule bonke abakhubazeke njengaye.

Ijavelini lena bayiciba kuhle kwamabutho andulela ukubusa kweLembe, eciba imikhonto eyibhekise ezitheni.



Owesifazane kwezokubhukuda sikhuluma ngoNatalie duToit owagila izimanga ebutha amagolide ngowe-2004 kuma olimpiki. Uma sibuyela kwezomculo ukhona yini ongakuphikisa ukuthi uSteve Kekana uyimpumputhe. Kodwa wafunda umculo waba umculi ovelele. Izingoma zakhe ezinjengalezi: Nomsa Ntombi Yami, Nali Iphupho, no-I Feel sStrong okuyingoma ayicula no P.J. Powers nezadla umhlanganiso, zisanganisa abathandi bomculo. USteve waqhubeka wafundela izifundo zobummeli wazizuzwa engaboni enjalo. Ake ucabange abaculi esinabo namuhla ukuthi bafunde bagcinaphi yize bekwazi ukukukwenza konke.

Omunye umculi ongaboni uBabsy Mlangeni waduma umhlaba wonke ngawo umculo. UNkulunkulu (God) usithanda sonke ngokulingana (equally). Kuyamangaza uma kukhona abantu abacwasa abanye noma ngabe banakuphi ukukhubazeka. Umuntu owenza lokhu ufana nomuntu ocwasa uNkulunkulu ngoba sonke siyizidalwa zikaNkulunkulu nomfanekiso wakhe. Uhulumeni uyancomeka ngokuqhubeka ukweseka nokwakha izikole zabantu abaphila nokukhubazeka nezivumelana nezimo zabo. Yingakho kumele sibaxwayise (warn) labo abamisa izimoto zabo

ezindaweni ezinophawu olukhombisa ukuthi kupaka abanokukhubazeka kuphela.

Ukukhubazeka akusho ukungakwazi ukwenza okuthile okuzokusiza empilweni. Ayikho into uNkulunkulu ayenza kungenasizathu. Kungakho incwadi engcwele inamaHubo (Psams), elinye lithi, 'Mbonge uJehova mphefumulo wami.' Ngakho-ke wonke umuntu kumele ambonge uMvelinqangi ngempilo amuphe yona.

- 1.1 Le ndaba oyifundile ikhuluma ngabantu abanjani? (1)
- 1.2 Ubani igama nesibongo sowesilisa owayeqoqa izindondo eziningi ngokugijima? (2)
- 1.3 UMnu. Steve Kekana wafundela umsebenzi wani? (2)
- 1.4 Yisiphi isitho somzimba (body part) esisetshenziswa umuntu ongaboni ukufunda into ebhaliwe? (1)
- 1.5 Khetha impendulo efanele kulezi:
- Igama ukucwasa lichaza
- A ukubandlulula
- B ukwedelela
- C ukubukela phansi
- D Ukuzonda (1)
- 1.6 Bhala izingoma ezimbili zikaSteve Kekana aduma ngazo. (2)
- 1.7 Obani abaculi ababili okukhulunywa ngabo lapha abangaboni/ izimputhe lapha? (2)
- 1.8 Iyiphi into okumele uyigweme (avoid) ephatha kabi (hurt) abantu abaphila nokukhubazeka eyenziwa abashayeli bezimoto? (2)
- 1.9 Iyiphi incwadi yebhayibheli ekukhulunywe ngayo lapha? (1)
- 1.10 Tomula amagama ashiwo ibhayibheli asencwadini amaHubo. (2)


[16]

2. Funda uphinde ubuke lesi sikhangiso esilandelayo bese uphendula imibuzo elandelayo ngemisho ephelele.

# UKWETHULWA KWEMIFANEKISO

YEZISHOSHOVU ZOMZABALAZO

UGRIFFITHS *NOMAMA*  
UVICTORIA MXENGE



UNdunankulu (Minister) waKwaZulu Natali uMnu. Willies Mchunu wazisa umphakathi ngokwembulwa (unveiling) kwemifanekiso (stature) yezishoshoovu zomzabalazo ubaba Griffiths Kanye nomama Victoria Mxenge. Ukwembulwa kwemifanekiso kuzokwandulelwa yizinkulumo (speech) ezizothulwa ngoLwesihlanu ziyi-18 Agasti 2019 (Memorial Lecture)

Ukwembulwa kwemifanekiso:

19 Agasti 2019

10:00

Mangosuthu University of Technology (Umlazi)

Izinto zokuhamba zihleliwe. Kuzonandiswa nangomculo ngabaculi abadumile nabendawo kubalwa uDJ Sox, DJ Tira, Phuzekhemisi, Abathandwa nabanye.

Ngokuhlanganyela iKwaZulu Natali singayisa ekusaseni eliqhakazile

*Icashunwe ephephandabeni Ilanga Langesonto*

2.1 Ngowani lo mcimbi omenyezelwa lapha? (1)

2.2 Ubani igama nesibongo sikaNdunankulu waKwaZulu Natali? (2)

2.3 Bhala amagama abantu ABABILI okuyobe kwembulwa imifanekiso yabo? (2)

2.4 Obani amagama abaculi ABATHATHU abayobe bekhona kulo mcimbi? (3)

2.5 Uyokwenzelwa kuphi umcimbi wokwembulwa kwemifanekiso? (1)

2.6 Khetha impendulo efanele:

Isiphi isifundazwe ekukhulunywa ngaso lapha?

A Limpopo

B Mpumalanga

C KwaZulu Natali

D Gauteng

(1)

[10]

3. Funda uphinde ubuke lesi sikhangisi esilandelayo bese uphendula imibuzo ezolandela ngemisho ephelele.

*UMNYANGO WOKUTHUTHUKISWA  
KOMPHAKATHI*

**ISIMEMO SABANTU ABASHA**

UNgqongqoshe woMnyango Wokuthuthukiswa Komphakathi kaZwelonke umema abantu abasha ukuba baphelele ngothi lwabo emcimbini wokuthuthukisa ngokwamakhono ahlukahlukene.

INDAWO: Qalakahle Soccer Stadium

USUKU: 22 Meyi 2008

ISIKHATHI: 09H00

Amaqembu omculo adumile azobe eshiyelana inkundla.

3.1 Umnyango wani lo omema (invites) abantu lapha? (1)

3.2 Lo mcimbi okhangiswa lapha uyobe wenzelwe kuphi? (1)

3.3 Bhala igama eliphikisa (opposite) leli elibhalwe ngokugqamile lapha:

Isimemo sabantu **abasha**. (1)

3.4 Ngokucabanga kwakho umuntu oneminyaka ephakathi (between) kwemingaki ofanelwe ukuya kulo mcimbi? (2)

3.5 Tomula amabizo ayilezi zinhlobo ezilandelayo esiqeshini:

- 3.5.1 ibizonto (2)
- 3.5.2 ibizoqho (2)
- 3.6 Wena yiliphi ikhono (talent) lakho owawungafisa lithuthukiswe kulo mcimbi? (1)
- [10]

4. Gcwalisa le ndatshana elandelayo ngezivumelwano (concord) ezifanele. Bhala inombolo nempendulo efanele. calcu

Omalume 4.1 \_\_\_sebenza eKapa. Umsebenzi wabo 4.2 \_\_\_lukhuni ngoba basebenza amahora amaningi olwandle. Njalo ekuseni bagibela umkhumbi Umkhumbi 4.3\_\_hamba kancane uma kunomoya. Izingane zesikole 4.4\_\_yakuthanda ukuvakashela e Robin Island ngomkhumbi. [4]

5. Gcwalisa le ndaba ngamabizo akulezi zigaba ozinikiwe. Khetha kulawa mabizo.

Isifo, Izingane, Umhlangano, Abantu, Ulwazi,

Ungqongqoshe umeme 5.1 \_\_\_9 ukuba zize emhlanganweni wokuthuthukisa 5.2\_\_\_11 ngezindlela zokuvikela 5.3 \_\_\_7 somdlavuza. 5.4\_\_\_2 besifazane bayagqugquzelwa ukuba bawuhambele lo mhlango. Namadoda kufanele awethamele 5.5 \_\_\_3. [10]

6. Guqula amabizo abhalwe ngokunzima abe isabizwana (pronoun) osibuziwe.

6.1 **Ugandaganda** usebenza emgwaqweni omkhulu. (Isabizwana soqobo Absolute pronoun)

6.2 **Abafana** abaningi balidlala kahle ibhola (Isabizwana soqobo)

6.3 UMgqibelo **usuku** lokuphumula. (Isabizwana soqobo)

6.4 Abaculi \_\_\_ bakhuluma izindaba zabantu. (isabizwana sokukhomba demonstrative pronoun eduze)

6.5 Umalume uzithungile \_\_\_ izingubo zami. (isabizwana sokukhomba buqama)

[5]

7. Nciphisa (diminutive) amagama abhalwe ngokunzima kule misho elandelayo. Bhala umusho wonke udwebele isinciphiso.

7.1 Izingane zidlala **ngamathoyizi** azo.

7.2 Umama ungiphakele **ukudla** okuncane.

7.3 Bangithi ngiyaphuza kanti sekusele **ikopi** likanemenayidi.

[6]

8. Gcwalisa lesi siqeshana esilandelayo ngokubhala izivumelwano ezifanele.

Bhala isiqephu sonke udwebele igama olilungisile.

Izikole –**ningi** zifundisa izingane ngesiZulu. Lokhu kudala izinkinga –**khulu** uma sekubhalwa ukuhlolwa –**khe**. Izifundo –**mbalwa** ezihlolwa ngesiZulu.

Umuntu –**manyama** kuphela obhekana nalezi zinkinga ezikoleni. [5]

9. Bhala igama eliphikisa leli elibhalwe ngokugqamile lapha. Khetha emagameni angenzansi.

Inkomazi, inono, isikhukhukazi

9.1 Ngizwe sekukhala **iqhude** ukuthi sekusile.

9.2 **Inkunzi** yakithi izehlula zonke izinkomo zomakhelwane.

9.3 Lo mfana **uyinuku** uhlale engcolile.

[3]

10. Qondanisa izimo zokukhuluma nezincazelo ozinikiwe. Bhala inombolo nophawu kuphela.

IKHOLOMU A		IKHOLOMU B	
10.1	Ukushaya utshani	A	Ukukhohlisa
10.2	Ukuhamba okwejuba likaNowa	B	Ukubaleka
10.3	Ukubamba udonga.	C	Ukugula kakhulu.
10.4	Ukubuthwa nezibi.	D	Ukwelekelela
10.5	Ukufaka isandla	E	Ukuhamba ungabuyi

[5]

11. Chaza lawa magama alandelayo ukuveza ukuthi anezincazelo ezimbili ezingafani.

11.1 inyanga

11.2 isonto

[4]

ISAMBA: 80

